



## Bonding over books

by Babalwa Shota

Like many children her age, my nine-year-old daughter wants to be everything when she grows up: a ballerina one week, a model another week, then an actress, musician, tennis player and – just for kicks – a “journalist like mommy”. That’s my child – spontaneous and living in the moment.

But all her life she has had a passion for books. It’s wonderful! But, it shouldn’t come as a surprise to me that she loves reading so much. After all, even when she was still a foetus, I read to her! I’d read aloud to her anything I laid my hands on – reports on babies’ development, fashion tips in magazines, or nursery rhymes. I read. And, apparently, she listened.


When she was a baby, she loved her soft, cloth books. When she was not using them as chewing toys, she loved looking at them. As she grew older and more impatient, she would grab a book and make up a story as she “read” it upside down. And, boy, was she creative!

The love of books that we share is something that has played a big role in our relationship. As a mother I have had to find ways to communicate and bond with my daughter. I have found that looking at the books in bookshops for hours, and then going home to lie side-by-side on the bed reading, has brought us closer. This is also something I shared with my own mother.

When I was a child, my mother found the perfect way to make sure that she could relax a little after work, while also spending time with me. She would give me one of her books to read beside her in bed while she escaped into her own book! I loved it so much that it was natural to share that tradition with my own daughter.

I’m lucky to have a child who loves reading. I’m glad that when she asks me for a present, most of the time it’s for a new and more challenging book. She’s very good at crossword puzzles. She has a fantastic general knowledge and a curious mind about life. I couldn’t be prouder.

The above article is adapted from the newspaper column and blog post of the same name that Babalwa Shota, Assistant Editor at *Sunday World*, wrote for Nal’ibali. To read more blog posts on different topics related to literacy, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



## Ukuthuthukisa ubudlelwane ngezincwadi

nguBabalwa Shota

Njengezingane zonke ezilingana nayo, indodakazi yami eneminyaka neyishiyagalolunye ifuna ukuba yikho konke nje uma isikhulile: ngelinye isonto umntanami ufuna ukuba umdansi we-*ballet*, ngelinye isonto ufuna ukuba yimodeli ekhangisayo, abe umlingisi emidlalweni, umculi, umdlali webhola lomphebezo – uzozwa phela – “ukuba yintatheli njengomama”. Ingane yami-ke leyo – yenza izinto eziyifikela ngaleso sikhathi nje, futhi iphilela isikhathi samanje.

Kodwa umntanami ubesalokhu ezithanda ngentshisekelo izincwadi empilweni yakhe yonke. Kuhle lokhu! Kodwa, akungimangazi mina ukukuthanda kwakhe kangaka ukufunda. Empeleni, nangesikhathi ngisamkhulelwe, ngangimfundela! Ngangimfundela kakhulu yonke into engangihlangana nayo – imibiko emayelana nokukhula kwabantwana, amacebo ezengqephu kumaphephabhuku, noma imilolozelo. Ngangifunda. Kusobala-ke ukuthi wayelalela.

Ngesikhathi esengumntwana, wayezithanda izincwadi zakhe ezithambile, zendwangu. Uma engazisebenzisi njengamathoyizi awalumayo, wayethanda ukuzibuka. Lapho esekhulakhulile futhi esede ephelwa yisineke, wayethatha incwadi bese eziqambela indaba ngesikhathi “eyifunda eyichathile” incwadi. Hhayi, cha, wayekhombisa ubuciko bokuziqambela izinto!

Uthando lwezincwadi esabelana ngalo luyinto ebe neqhaza elikhulu ebudlelwaneni bethu. Njengomama ngithole izindlela zokuxhumana nokuba nobudlelwane nendodakazi yami. Ngithole ukuthi ukubuka izincwadi ezitolo zezincwadi amahora amaningi, bese siya ekhaya silale embhedeni, omunye eceleni komunye sifunda, sekusenze sasondelana kakhulu. Lokhu yinto engangabelana ngayo nomama wami futhi.

Ngiseyengane, umama wayethola indlela enhle kakhulu yokuqinisekisa ukuthi uyaziphumusa uma ebuya emsebenzini, nalapho echitha isikhathi nami. Wayenginika enye yezincwadi zakhe ukuthi ngiyifunde eceleni kwakhe embhedeni ngesikhathi yena enamathele encwadini yakhe! Ngakuthanda kakhulu lokhu kangokuthi kwazenzekela nje ukuthi ngabelane ngalowo mkhuba nendodakazi yami.

Nginenhlahlala ngokuba nengane ethanda ukufunda okubhaliwe. Ngiyajabula ukuthi ezikhathini eziningi uma engicela isipho, uvame ukucela incwadi entsha futhi ezomphonsela inselelo. Muhle kakhulu emidlalweni wokuphicwa kwamagama, iphazili. Unolwazi olubanzi ngezinto jikelele futhi unomqondo othanda ukwazi ngempilo. Ngiziqhenya kakhulu ngaye.

Le athikhili engenhlala ithathelwe engosini yephephandaba kanye naku-*blog* enegama elifanayo ebhalwe uBabalwa Shota, uMsizi woMhleli we-*Sunday World*, ayibhalela uNal’ibali. Ukuze uthole okunye okubhalwe kuma-*blog* okumayelana nezihloko ezahlukene eziphathelele nokwazi ukufunda nokubhala, iya ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your imagination

Read to me. Every day.  
Ngifundele. Nsuku zonke.





Dear Na'ibali...  
Nalibali Othandekayo...

Write to Na'ibali at  
PRAESA, Suite 17-201, Building 17,  
Waverley Business Park, Wycroft  
Road, Mowbray, 7700, or at  
letters@nalibali.org.

Bhalela uNa'ibali  
ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17,  
Waverley Business Park, Wycroft  
Road, Mowbray, 7700 noma  
ku-letters@nalibali.org.

Hi Na'ibali

WOW! What a lovely, informative website. I'm super excited with the wealth of knowledge made available. I have a 19-month-old child and saw that there are quite a few recommended books I can read to him. I can't wait to get them for him.

Mthikazi Thebe

Sawubona Na'ibali

HAWU! Naze nayisizindalwazi esihle, futhi esinika ulwazi. Ngihlabeke umxhwele kakhulu ngolwazi oluningi enilwenze lwatholakala. Nginengane enezinyanga eziyi-19 kanti ngibonile ukuthi kunezincwadi eziningana ezinconyiwe engingayifundela zona. Angisakwazi nokulinda ukuze ngiyitholele zona.

Mthikazi Thebe

Dear Sir or Madam

I am a 37-year-old father of a 7-year-old girl who is in Grade 2. Every Wednesday evening we read and do fun activities instead of watching TV. I find your supplement very resourceful because it teaches her to read. I use the theme of the story to teach her values, such as respect, discipline, love and sharing. I would not know how to approach these subjects if it wasn't for your supplement.

I'm going to recommend the supplement to a friend who runs a daycare centre. Keep up the good work!

Baoma Tsesane

Mnumzane/Nkosikazi Othandekayo

Ngingubaba oneminyaka engama-37 wendodakazi eneminyaka eyi-7 efunda iBanga lesi-2. Njalo ngolwesithathu kusihlwa siyafunda bese senza imisebenzi ethokozisayo emnandi kunokuthi sibuke umabonakude. Ngithola isithasiselo senu siwusizo kakhulu ngoba ingane siyifundisa ukufunda okubhaliwe. Ngisebenzisa indikimba yendaba ukuyifundisa amagugu afana nenhlonipho, ukuziphatha ngendlela elindelekile, uthando nokwabelana. Bengingeke ngazi ukuthi ngizoqalaphi ngalezi zihloko ukuba bengingasizwa isithasiselo senu.

Isithasiselo ngizosincomela umngani wami ophethe inkulisa. Qhubekani nokwenza umsebenzi omuhle!

Baoma Tsesane

Here is Mbali Sefele, who is proudly showing the copy of the storybook, *The Cool Nguni*, that she cut out and made from her Na'ibali supplement. Mbali is in Grade 3 at Venterspost Primary School in Gauteng. Thanks for the photo!

Nangu uMbali Sefele, okhombisa ngokuziqhenya ikhophi yencwadi yezindaba ethi, *The Cool Nguni*, ayisika wayikhipha wazenzela yona eyithatha esithasiselweni sakwaNa'ibali. UMbali useBangeni lesi-3 e-Venterspost Primary School eGauteng. Siyasibonga nesithombe bo!



### Send us your reading moments and WIN!

Whether it's a photo of your child enjoying a bedtime story or a picture of them reading their first book, send us your children's reading moments to inspire others to create reading moments with their children too. Simply email your reading moment picture to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). If selected, your photo will appear on the Na'ibali Facebook page, and you will receive a book to enjoy with your children, as well as a Na'ibali T-shirt!



### Thumela izikhathi zenu zokufunda bese UWINA!

Noma ngabe yisithombe sengane yakho ithokozela ukufundelwa ngaphambi kokulala noma isithombe sayo ifunda incwadi yayo yokuqala, sithumelele isikhathi sokufunda sengane leyo ukuze ukhuthaze abanye ukuthi nabo benze isikhathi sokufunda nezingane zabo. Vele uthumele isithombe sakho sesikhathi sokufunda ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). Uma isithombe sakho sikhethiwe, sizovela ekhasini likaNa'ibali laku-Facebook, uzobe usuthola incwadi ozoyithokozela nezingane zakho, kanye nesikibha sakwaNa'ibali!

#### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

#### Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Kodwa uBhubesana wayengakadeli. Wayefuna lesi siphho ngenhiziyo yakhe yonke. Waghubeka nendlela yakhe eya ekhaya wahlangana noMpungushu. "Unjani kodwa kanina?" kubingelela uBhubesana.

"Yebo," kusho uMpungushu, "Empeleni angikhali ... kunye nje ..." Base begala ukukhuluma ngeziphho. Naye uMpungushu wayefisa sengathi lesi siphho sokucula ngabe ngesakhe.

"Ngabe yini ezosivimba ekusithatheni, Bhuti uMpungushu?" kubuza uBhubesana.

Umpungushu wahleka kakhulu ngezwi elejwayelekile ezimpungusheni. "Wonke umuntu uzovele azibonele ukuthi yimina osintshontshile," kusho uMpungushu.

"Bangabona kanjani?" kubuza uBhubesana.

"Zonke izilwane ziyomangala ukuthi ngiqale nini mina, Mpungushu, ukucula kahle kangaka," kuphendula uMpungushu. Bahleka bobabili ngoba babazi ukuthi limezeza futhi lihoshiza kanjani izwi likaMpungushu.

But Young Lion was not convinced. He wanted that gift with all his heart. He continued on his way home and further along the way he bumped into Jackal. "How are you my brother from another mother?" greeted Young Lion.

"Ja," said Jackal, "I can't complain really ... but one thing ... " And they started talking about the gifts. Jackal also wished the gift of singing was his.

"So what is stopping you from taking it, Bra Jackal?" Young Lion asked.

Jackal laughed with his loud jackal laugh. "Everybody would find out so easily that I'm the one who stole it," said Jackal.

"How's that?" asked Young Lion.

"Every animal will be surprised that suddenly I, Jackal, can sing so well," Jackal replied. The two laughed because everyone knew how loud and scratchy Jackal's voice was.




## Young Lion and Little Brown Monkey



## UBhubesana noNkawana Onsundu

Tshepo Mokono  
Vusi Malindi


**HEARTLINES**



### HEARTLINES

For copies of *Heartlines' Stories that Talk* (in all 11 languages), and *Stories that Talk 2* (English only) please email [orders@heartlines.org.za](mailto:orders@heartlines.org.za) or phone (011) 771 2540.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Lezi zilwane zombili zavalelisana zehlukana.  
 unyaka ozayo.”  
 UBhubesana wathi, “Uqinisile. Kumele ngilinde kuze kube  
 Izinto ezimhle ziyalindwa,” kucebisa uNsephe.  
 isiletha izipho; mhlawumbé uyosithola ngonnyaka ozayo.  
 “Linda ithuba lakho-ke kuze kube unyaka ozayo uma iNkosi  
 kuphendula uBhubesana.  
 phela. Bekumele kube ngesami lesiya sipho sokucula,”  
 “Yimina, uBhubesana, iNkosi yakusasa. Sifanele mina  
 sipho?” kubuza uNsephe.  
 “Ngabe, ngokwakho yisiphi isilwane esifanelwe yileso  
 kubuza uBhubesana.



“Kodwa ngiyadabuka  
 ukusho ukuthi isipho  
 ngesikaNkawana Onsundu  
 futhi ngeke ngikwazi  
 ukukugqula lokho,”  
 kuphefumula uNsephe.  
 “Kodwa kuzo zonke izilwane,  
 kungani kube yinkawu,  
 ngisho... inkawana embi  
 kangaka nokwenza... kube  
 yiyo ethola isipho esikhethake  
 kangaka? Awusho phela,  
 Nsephe Dadewethu!”  
 kubuza uBhubesana.



But Young Lion secretly still wanted that gift. So, in the  
 middle of the night, when the sky was empty but covered  
 with darkness, Young Lion put on his running shoes and  
 ran to the monkey's house.  
 When he got there he could hear a crowd of monkeys  
 joking with Little Brown Monkey about his gift. “At  
 least one of the family will be able to sing beautifully.  
 We all know that monkeys have been terrible singers  
 until now.” They fell around laughing.



One morning, just as the sun was about to come up, Lion,  
 King of the jungle, ordered the village Kgosana to  
 blow on the horn. As the sound of the horn went “Vooooo!  
 Vooooo!” all the animals knew that the day had arrived when  
 they were to receive gifts from the Great King.

They gathered at the King’s royal place. Young Lion was  
 there, pushing his way to the front of the crowd. But Little  
 Brown Monkey was first in the queue, and he received the  
 best gift ever!

Little Brown Monkey got the gift of singing. The gift was  
 inside a small green bottle. King Lion said, “Whenever you  
 drink this, you’ll be able to sing beautifully. You’ll be famous  
 and rich. You’ll be a great musician, or a great Gospel star.”

Ngelinye ilanga ekuseni, selizophuma nje ilanga,  
 uBhubesi, iNkosi yehlathi, watshele iNduna yomuzi  
 ukuthi ihlabe umkhosi ngophondo. Lapho sekuzwakala  
 umsindo wophondo uthi, “Vooooo! Vooooo!”, izilwane  
 zonke zavele zazazela ukuthi selufikile usuku lapho  
 zizothola khona izipho ezivela eNkosini Enkulu.

Zahlangana eSigodlweni seNkosi. NoBhubesana wayelapho,  
 edudula abanye ephikelele ekubeni phambili esixukwini.  
 Kodwa uNkawana Onsundu wayengokuqala eheleni,  
 wase ethola isipho esihle ukudlula zonke!

Young Lion sat outside and waited until the other monkeys had gone home. He waited until he was sure Little Brown Monkey was fast asleep. Then he crept in, took the small green bottle from the top of the table, and tiptoed out the room. He had stolen the gift. It was his now!

Kodwa ngaphakathi uBhubesana wayesasifuna lesi siphho. Ngakho, wavuka phakathi nobusuku, kunyama bhuge esibhakabhakeni, uBhubesana wagqoka izicathulo zakhe zokugijima wahlaba ngejubane eya endlini kaNkawana Onsundu. Wathi uma etika khona wezwa umhlambi wezinkawu utekula ngesiphho sikaNkawana Onsundu. “Okungenani ukhona oyedwa emndenini ozokwazi ukucula kamandi. Sonke siyazi ukuthi izinkawu bezilokhu zingamabhimbi kuze kube imanje.” Zaze zalala phansi yinsini.

UBhubesana wahlala ngaphandle wacutha elinde ukuthi zize zize emakhaya zonke ezinye izinkawu. Walinda waze wanesiqiniseko sokuthi uNkawana Onsundu wayeselele. Wase ecathama engena, wathatha ibhodlelana eliluhlaza phezu kwetafula, wanyonyoba waphuma. Wayesesintshontshile isiphho. Kwase kungesakhe manje!

And so, after a long time thinking ... Young Lion decided to return the gift.

He ran as fast as his running shoes would take him back to Little Brown Monkey’s place. He sneaked into the house and returned the bottle of singing gift to the table where it had been before.

Then he crept out and headed home. As he ran, his heart felt light and his feet felt free – freer than he had felt all day!

Ngakho, ngemuva kokudla amathambo ekhanda isikhathi eside ... uBhubesana wanquma ukubuyisela isiphho emuva.

Wathi ntinini ngejubane ngendlela ayengakwazi ukwenza ngayo ngezcathulo zakhe zokugijima ebuyela endlini kaNkawana Onsundu. Wanyonyoba wangena endlini wabuyisela ibhodlela lesiphho sokucula etafuleni lapho elalibekwe khona ekuqaleni.

Wase enyonyoba ephuma ebhekise amabombo ekhaya. Ngesikhathi egijima, wezwa inhliziyi yakhe isilula, futhi esekhululekile – ekhululekile kunendlela abezizwa ngayo usuku lonke!

Later that day, Young Lion bumped into Springbok on the road and shouted, “Howzit, Sister Springbok?” They hurried through their greetings so that they could get to the topic of the gift. Springbok, just like Young Lion, and Antbear, wished the monkey’s gift was hers.

“But I am sad to say, the gift belongs to Little Brown Monkey and I can’t change that,” Springbok sighed.

“Out of all the animals, how come the monkey, I mean ... the ugly little monkey ... is the one that got such a special gift? Tell me, Sister Springbok?” Young Lion asked.

“Well, which animal deserves that gift?” Springbok asked in turn.

“Me, Young Lion, the future king. I deserve it. I deserve that singing gift,” Young Lion answered.

“Wait your turn until next year when the King brings gifts; maybe you will get it next year. Good things are always worth waiting for,” Springbok advised.

Young Lion said, “You are right. I should wait for next year.”

The two animals waved goodbye and went their separate ways.

Kamava ngalolo suku, uBhubesana wazithela kuNsephe emgwaqweni, wamemeza, “Kunjani kodwa, Dadewethu Nsephe?” Babingelelana ngokushesha ukuze bangene odabeni lwesiphho. UNsephe, njengoBhubesana noSambane, wayefisa sengathi ngabe isiphho sokucula sasingsakhe.



UNKawana Onsundu wathola isiphho sokucula. Isiphho sasisebhodlelaneni elincane eliluhlaza okotshani. INkosi uBhubesi wathi, “Noma inini uma uphuza lokhu, uyokwazi ukucula kamnandi kakhulu. Uzoduma kakhulu futhi ucebe. Uzoba umculi odla ubhedu, noma isihlabani somculo wokholo.”

USambane watshela uBhubesana ukuthi naye wayesifisa sengathi ngabe bekungesakhe lesi siphosokucula. “Pho ngabe yini ezokuvimba ekusithatheni, Mama uSambane?” kubuza uBhubesana. USambane wathi, “Ngifuna ukuphatha abanye ngendlela engingathanda nami ukuthi nabo bangiphathenayo. Angifuni ukumtshontshelwa, ngakho nami akumele ngimtshontshelwe abanye.” Wavuma ngekhandanda uBhubesana. Wayekugqonda kahle lokhu.



Young Lion started for home, and on his way he muttered to himself, “That singing gift should be mine, mine, mine and mine. I’m going to steal it away from Little Brown Monkey.”

On his way, Young Lion met Antbear. They greeted each other. They talked about what they had eaten for breakfast, about the weather, about New Year’s resolutions and about the gifts-gathering at the King’s kraal.

Antbear told Young Lion that she also wished the singing gift was hers. “So what is stopping you from taking it, Ma Antbear?” asked Young Lion.

Antbear said, “I want to treat others in the way I want them to treat me. I don’t want my things to be stolen, so I should not steal from others.”

Young Lion nodded. He understood that.

UBhubesana wabuyela ekhaya, endleleni eya ekhaya wayehamba evungama ekhuluma yedwa ethi, “Lesi siphosokucula kumele kube esami, esami, esami, sibe ngesami. Ngizosintshontsha kuNkawana Onsundu.”

Endleleni yakhe, uBhubesana wahlangana noSambane. Babingelelana. Bakhuluma ngokuthi babedleni ngesidlo sasekuseni, ngesimo sezulu, ngezinqumo ababezithathele zona zoNyaka Omusha nangembizo yasemzini weNkosi yokuphiwa iziphos.

Wahlaba ngejubane uBhubesana. Wagijima sengathi kukhona okumxoshayo. Ngenkathi egijima, wakhumbula amazwi kaMama uSambane awasho ngokuphatha abanye ngendlela ongathanda ukuthi uphathwe ngayo nawe. Lo mcabango wamenza wayeka ukugijima, wama nse, wacabanga. Wacabanga ukuthi ubengaphatheka kanjani ukuba ubengukNkawana Onsundu bese kuba khona umuntu ontshontshe isiphosakhe. “Bengingeke ngikuthande lokho. Bengizophatheka kabi futhi ngithukuthelwe,” kucabanga yena.

Young Lion sat on a rock and thought more about the gift in the bottle. “Maybe Springbok is right too; maybe the gift will be mine next year.”

As he stood, he recalled what Jackal had said. Jackal was right – everybody knew that Young Lion was also a bad singer. It would be easy for them to spot him as the one who had stolen Little Brown Monkey’s gift.

Young Lion began to run. He ran as though something was chasing him. As he ran, he remembered what Mother Antbear had said about treating others in the way you want them to treat you. The thought made him stop running, and he stood still and thought. He thought about how he would feel if he was Little Brown Monkey and somebody stole his gift. “I would not like it. I’d feel sad and angry,” he thought.



Ngesikhathi esamile, wakhumbula nalokho obekushiwo uMpungushe. Ubeqinisile uMpungushe – wonke umuntu uyazi ukuthi uBhubesana uyidliwa. Kungasheshe kubonakale ukuthi nguye ontshontshe isiphosikaNkawana Onsundu.

UBhubesana wahlala edwaleni wadla amathambo ekhanda ngesiphosisebhodloleni. “Mhlawumbe noNsephe uqinisile; mhlawumbe isiphoskuzoba esami ngonyaka ozayo.”

## Get story active!

After you and your children have read *Young Lion and Little Brown Monkey* try discussing some of these things.

- Why did Young Lion think he deserved the gift? Do you think this is a good reason?
- What advice did Young Lion get from Antbear, Springbok and Jackal? Whose advice do you think was best?
- Why did Young Lion return the gift eventually?
- If you had been Young Lion, would you have given the gift back? Why or why not?
- How do you think Young Lion felt when he put the gift back? Why do you think he felt like this?
- Have you ever thought about taking something that belonged to someone else without asking their permission? What did you do about it? How did you feel?
- Do you think honesty is important? Why or why not?



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde indaba ethi, *UBhubesana noNkawana Onsundu* zamani ukudingida ezinye zalezi zinto.

- Kungani uBhubesana ebecabanga ukuthi lesi siph o bekumele kube ngesakhe? Ngabe ucabanga ukuthi yisizathu esizwakalayo lesi?
- UBhubesana wathola siphi iseluleko kuSambane, uNsephe noMpungushe? Ngesikabani iseluleko ocabanga ukuthi sasisihle ukuzidlula zonke?
- Kungani uBhubesana agcina esesibuyisele isipho?
- Ukuba bekunguwe uBhubesana, ngabe ubuzosibuyisele isipho? Lokho ubuzokwenza noma ungakwenzi ngani?
- Ucabanga ukuthi uBhubesana wazizwa kanjani ngesikhathi ebuyisele isipho? Ucabanga ukuthi kungani ayezizwa ngale ndlela?
- Ngabe wake wacabanga ukuthatha into yomunye umuntu ngaphandle kwemvume? Wenzani ngalokho? Wazizwa kanjani?
- Ngabe ucabanga ukuthi kubalulekile ukuba qotho? Kungani uvuma noma uphika?

## Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

### About Mme wa Afrika

**Her children:** Afrika (7 years old), Dintle (9 months old)

**Her nephew/niece:** Neo, Mbali

**Languages she speaks:** Sesotho, Setswana, English and a little bit of Afrikaans

**Favourite hobby:** reading novels and listening to stories on the radio

**Favourite colour:** orange

**Something she does every day:** reads to Afrika and Dintle

**Her favourite food:** soup

## Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo bese ubasebenzisela ukwenza ezakho izithombe, amaphosta, izindaba noma nanoma yini oyicabangayo!

### Mayelana noMme wa Afrika

**Izingane zakhe:** u-Afrika (oneminyaka eyi-7), noDintle (onezinyanga eziyi-9)

**Abashana bakhe:** uNeo, uMbali

**Izilimi azikhulumayo:** iSesotho, isiTswana, isiNgisi nesiBhunu kancane

**Into athanda ukuyenza:** ukufunda amanoveli nokulalela imidlayo emsakazweni

**Umbala awuthandayo:** osawolintshi

**Into ayenza nsuku zonke:** ufundela u-Afrika noDintle

**Ukudla akuthandayo:** isobho



Mme wa Afrika

## In your next Nal'ibali supplement:

- Taking turns when you read with your children
- A 24-page cut-out-and-keep book, *Refilwe: An African retelling of Rapunzel*
- Story activity ideas for *Refilwe: An African retelling of Rapunzel*



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukudedelana ngokufunda uma ufunda nezingane zakho
- Incwadi enamakhasi angama-24 ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina ethi, *URefilwe: Ukuxoxwa kabusha esizindeneni sase-Afrika kwendaba ethi, Rapunzel*
- Amacebo omsebenzi wendaba ethi, *URefilwe: Ukuxoxwa kabusha esizindeneni sase-Afrika kwendaba ethi, Rapunzel*



8

Look at me... I can read!  
Ngibuke... Ngiyakwazi ukufunda!



7

I can eat.  
Ngiyakwazi ukuzidla.




9

I can wash.  
Ngiyakwazi ukuzigeza.




5

I can play.  
Ngiyakwazi ukudlala.



Look at me!  
Ngibuke!

Sue Kramer  
Alzette Prins



2

I can sit.  
Ngiyakwazi ukuzihlala.


FOLD



3

I can crawl.  
Ngiyakwazi ukukhasa.

FOLD



4

I can stand.  
Ngiyakwazi ukuma.